



It starts with a story...

Explore the world through books

Have you noticed how naturally curious children are? Given the chance, they will ask question after question! Use books to help them discover answers to their questions and to explore different topics together – you'll find yourself asking questions too and you'll learn things together.

Different kinds of books explore topics in different ways. Here are a few examples.

- Realistic stories** focus on real-life problems which the characters have to solve, like how to stop someone from being bullied or how to escape a fire.

Ukufuna ukwazi ngomhlaba wethu ngokusebenzisa izincwadi

Ngabe usuke waqaphela ukuthi izingane zihlale zifuna ukwazi ukuthi kuzokwenzekani okuzenzekela ngokwemvelo? Uma zinikezwa ithuba zibuza umbuzo emva komunye! Sebenzisa izincwadi ezizozisiza ukuthi zizitholele izimpendulo zemibuzo yazo nokuthi nibheke izihloko ezahlukeni nindawonye – uzozithola sewubuzwa imibuzo nawe, futhi nizofunda izinto ndawonye.

Izinhlobo ezahlukeni zezincwadi zibhekana nezihloko ngezindlela ezahlukeni. Nazi izibonelo ezimbalwa.

- Izindaba ezingamaqiniso** zigxila ezinkingeni ezenzeka ngempela empilweni abalingiswa okumele bazisombulule, ezifana nokuthi kungaqedwa kanjani ukwenziswa komuntu ngenkani into angayithandi noma ukuphuma emlilweni.
- Amabhayografi** axoxa izindaba zabantu bangempela abafana nabaculi be-pop noma ososayensi abadumile. Lezi zincwadi zibhalwa ngababhali abachitha isikhathi bethola kabanzi ngempilo yomunye umuntu.
- Izindaba zomdabu** zixoxa izindaba ezinomlayezo noma isifundo, njengokuthi singawuphatha kanjani umhlaba nokuphathana sisodwa.
- Izincwadi ezinika ulwazi** ziqukethe ulwazi nokungamaqiniso, isibonelo, ngokuphathelele nezinkolelo, ukwenziwa nokugcinwa kwamasiko athile amaqembu ahlukeni ezenkolo noma ukuthi zakhiwe kanjani izinkanyezi namaplanethi.

- Biographies** tell the stories of real people, like pop stars or famous scientists. These books are written by authors who have spent time finding out about someone else's life.
- Traditional stories** tell tales with a message or moral, like how we should treat the earth and one another.
- Information books** contain information and facts, for example, about the beliefs, rituals and practices of different religious groups, or how stars and planets are formed.

When you read storybooks, you usually start at the beginning and read through to the end so that you get the whole story! Information books work differently. Here are some ideas on how to share them with children.

- On the cover.** Read the title and draw children's attention to the pictures on the cover. Can they

use these to predict what the book is about? Find the author's name together – this helps to remind children that all books are written by real people!

- What's inside?** Look at the contents page at the beginning of the book to help you choose sections that grab your children's interest.
- Start, stop and skip.** Start by reading the part of the book that most interests your children. If you've found the information they were looking for, or if they ask new questions, or if something else in the book interests them more, stop reading and skip to another part.
- Different types of information.** Spend time looking at and discussing pictures, photographs, maps and diagrams together – they offer as much food for thought as the words on the page.

Whatever books you choose to explore with your children, enjoy the journey of discovery together!



Uma ufunda izincwadi zezindaba uvamise ukuqala ekuqaleni bese ufunda uze uyofika ekugcineni ukuze uthole indaba yonke! Izincwadi ezinika ulwazi zisebenza ngendlela ehlukile. Nanka amanye amacebo okuthi ungabelana kanjani ngazo nezingane.

- Ekhaveni.** Funda isihloko bese wenza ukuthi izingane zinake izithombe ezisekhaveni. Ngabe bangakwazi ukusebenzisa lokhu ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani? Tholani kanyekanye igama lombhali – lokhu kusiza ukukhumbuzisa izingane ukuthi zonke izincwadi zibhalwa abantu bangempela!
- Kukhonani ngaphakathi?** Bheka ikhasi lokuqokethwe ekuqaleni kwencwadi ukuze kukusize ukuthi ukhethe izigaba ezihlaba umxhwele ezinganeni zakho.

- Qala, yeka bese uyeqa.** Qala ngokufunda ingxenye yencwadi ehlaba umxhwele kakhulu ezinganeni zakho. Uma usuthole ulwazi ebeziludinga noma uma zibuza eminye imibuzo emisha noma okunye okusencwadini okuzihlaba umxhwele kakhulu, yeka ukufunda bese weqela kwenye ingxenye.

- Izinhlobo ezahlukeni zeminingwane.** Chithani isikhathi nibheka futhi nixoxa ngemifanekiso, izithombe, amabalazwe nemidwebo nindawonye – kunikeza okuningi eningacabanga ngakho, njengamagama asekhadini.

Noma ngabe yiziphi izincwadi enikhetha ukubheka izihloko zazo nezingane zakho, thokozelani uhambo lokuthola okusha ndawonye!



Drive your imagination

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!
Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!



Story stars

A passionate literacy warrior

Nal'ibali Literacy Mentor, Madoda Ndlakuse, is passionate about stories! He is a well-known storyteller and literacy activist – and an author too!

Madoda took part in the book-creation event run by Book Dash in Grahamstown in November 2016. At Book Dash's book-creation events, volunteers get together to create books for children in about 12 hours!

At the Grahamstown event, Madoda worked with illustrator, Siyasanga Madyibi, and designer, Vuyisa Ngqawani, to produce an isiXhosa children's storybook called *uMshato weNtlanzi neNkukhu*. (See pages 5, 6, 11 and 12 for the Nal'ibali bilingual cut-out-and-keep version of this book.) We chatted to Madoda about his involvement in this event and about the importance of stories.

How important are children's stories to you?

I am deeply in love with writing and telling children's stories. It is my calling!

How important are stories in children's development?

Stories teach our children new phrases, help them to become skilled readers and enrich their vocabulary. When children grow up reading stories, it helps them build confidence in their abilities.

Did you have to write a story especially for the Book Dash event in Grahamstown?

I always have stories that I have written tucked away somewhere! When I heard about the Book Dash event, I already had four stories completed and ready to go. I write because there is something inside me that drives me to pick up a pen and put something on paper.

What language do you write in?

I write in my mother tongue, isiXhosa.

What was the Book Dash experience like?

Quite a lot of wonderful things happened on that day! When I write, I don't plan how many words or paragraphs, a chapter or story will have. I just write and write and write! At the event, we were told about the number of pages that our books could be. It became clear that what I had written, needed to be reduced and some of the characters needed to be left out! As a book-creation team, we discussed which characters needed to stay and which ones had to go. We also decided together on the number of pictures we would have. And we did all of this in a very short space of time! We worked very hard, but it was very exciting because we were working on something that I loved and wanted to feel proud of.

Why does the language we use in children's books matter?

An experienced editor, Linda Nelani, was part of our book-creation team. She patiently taught me that we need to spell words correctly and make sure that sentences are written correctly. Authors cannot just write in any way they want to, otherwise the readers of their books might not understand what they are trying to say!

Lara Salomon/Book Dash



Madoda Ndlakuse at Book Dash, Grahamstown.

UMadoda Ndlakuse eBook Dash, eGrahamstown.

Abavelele ezindabeni Iqhawe lokufunda elinentshisekelo

UMcathulisi Wokufunda kaNal'ibali, uMadoda Ndlakuse, unentshisekelo ngezindaba! Ungumxoxi wezindaba kanye nesishosho sokufundisa ukufunda esaziwayo – futhi ubuye abe ngumbhali!

UMadoda wabamba iqhaza emcimbini wokwakha izincwadi owenziwa ngabakwaBook Dash eGrahamstown ngoLwezi kowe-2016. Emcimbini

yakwaBook Dash yokwakha izincwadi, abasebenza ngokuzithandela bayahlangana ukwakhela izingane izincwadi ngamahora abalelwa kwayi-12! Emcimbini waseGrahamstown, uMadoda wasebenza nomdwebi wemifanekiso, uSiyasanga Madyibi, kanye nedizayina, uVuyisa Ngqawani, ukukhiqiza incwadi yezindaba yezingane ngesiXhosa ebizwa ngokuthi *uMshato weNtlanzi neNkukhu*. (Bheka amakhasi elesi-5, 6, 11 kanye nele-12 ukuthola uhlelo lwale ncwadi kaNal'ibali elimimbili ooyisika uyikhiphe bese uyigcina.) Sixoxe noMadoda ngokubamba kwakhe iqhaza kulo mcimbi nangokubaluleka kwezindaba.

Zibaluleke kangakanani izindaba zezingane kuwe?

Nginothando olujulile lokubhala nokuxoxa izindaba zezingane. Kuwubizo lwami!

Zibaluleke kangakanani izindaba ekukhuleni kwezingane?

Izindaba zifundisa izingane zethu amabinzana amasha okukhuluma, zizisiza ukuthi zibe ngabafundi abanekhono futhi zinothusa ulwazimagama lwazo. Uma izingane zikhula zifunda izindaba, kuzisiza ukuthi zakhe ukuzethemba ngezengakwenza.

Ngabe bekufanale ukuthi ubhale indaba ekhethekile ngomcimbi wakwaBook Dash obuseGrahamstown?

Ngihlale nginezindaba engizibhalile ezibekiwe ndawana thile nje! Ngathi uma ngizwa ngomcimbi wakwaBook Dash, ngabe senginezindaba ezine eziphelile futhi ngilindele ukuhamba. Ngibhala ngoba kukhona okuthile kimi ngaphakathi okungidudulayo ukuthi ngithathe ipeni ngibhale okuthile ephepheni.

Ubhala ngaluphi ulimi?

Ngibhala ngolimi lwami lwebele, isiXhosa.

Wakuzwa kunjani ukuba yingxenywe yeBook Dash?

Ziningi izinto ezimangalisayo ezenzeka ngalolo suku! Uma ngibhala, angihleli ukuthi azoba mangaki amagama noma izigatshana esahlukweni noma endabeni. Ngiyabhala nje, ngibhale, ngibhale! Emcimbini satshelwa ngenani lamakhasi izincwadi zethu ezingaba nalo. Kwavele kwakhanya ukuthi engangikubhalile kwakudinga ukuncishiswa kanti abanye abalingiswa kwakumele bakhishwe! Njengethimba lokwakha incwadi, saxoxa ngokuthi yibaphi abalingiswa abadinga ukugcinwa nokuthi yibaphi abadinga ukukhishwa. Saphinde sanquma ndawonye ngenani lezithombe esizoba nazo. Futhi konke lokhu sakwenza ngesikhatshi esifishane kakhulu! Sasebenza kanzima, kodwa kwakuthokozisa kakhulu ngoba sasisebenza ngento engiyithandayo futhi engizizwa ngiziqhenya ngayo.

Kungani lubalulekile ulimi esilusebenzisayo ezincwadini zezingane?

Umhleli osemnkantshubomvu, uLinda Nelani, wayeyingxenywe yethimba elakha incwadi. Ungifundise ngesineke ukuthi sidinga ukupela amagama ngendlela efanele futhi siqiniseke ukuthi imisho ibhalwe ngokufanelekileyo. Ababhali akumele babhale nje ngendlela abayithandayo, ngoba abafundi bezincwadi zabo bangahle bangaqondisisi ukuthi bebezama ukuthini!

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

Ikwewezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

Ku-Ikwewezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

KuUkhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

Ku-Umhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni

Writing book reviews

When you ask children to write book reviews, it is a great way to get them to connect with what they read, to think critically about it and to express their opinions. What's more, writing and sharing book reviews encourages children to communicate with each other about what they are reading.

Here are some ideas of how to use book reviews in your classroom and at your reading club.

- Encourage children to write down their opinion of a book they have read. Remind them that not everybody enjoys reading the same type of books or books by the same authors.
- Good book reviews help people decide whether they want to read the book or not. In their reviews, the children should therefore give the basic story outline, but not give too much away about the story!
- Reviews can be long or short, and can also include drawings of parts of the book by the reviewer.
- You can use the children's book reviews to start conversations about books. Keep the reviews in a special folder that the children can refer to, or display them on a notice board or wall of your classroom or reading club venue. You could also attach a plastic pocket to the inside of books for children to place their reviews in.
- Remind the children to always write the title of the book, the author's name and their own name on their review. They should also include the illustrator's name, if there are pictures in the book.
- Sometimes children need a little help with what to put in a book review. Try giving them some of these sentences to complete:

- This story is about ...
- The main characters are ...
- My favourite part of this book was ...
- When ... I felt ...
- I really liked/I really didn't like ... because ...
- My favourite character was ...
- You should read this book because ...
- I think you would enjoy this book if you like stories that ...
- My rating for this book is: ☆☆☆☆☆

Title: The mermaid's purse
Author: Jude Daly
Illustrator: Magriet Brink
Reviewer's name: Siphokazi Nali

Make reading for enjoyment part of your school! For more information and guidance on how to do this, go to www.storypoweredschools.org.



Putting stories at the heart of your school ★ Izindaba mazibe yiziko lesikole sakho

Ukubhala ngokuhluzwa kwezincwadi

Uma ucela izingane ukuthi zibhale zihluze incwadi, kuyindlela enhle yokuthi zixhumane nalokhu ezikufundayo, ukukucabangisisa lokhu bese futhi ziveza imibono yazo. Okunye ukuthi ukubhala nokwabelana ngokubhalwe kuhluzwa izincwadi kukhuthaza izingane ukuthi zixoxisane ngalokho ezikufundayo.

Nanka amacebo okuthi ningakusebenzisa kanjani okubhaliwe okukhuluma ngezincwadi ekilasini lakho kanye nasethimbeni lakho lokufunda.

- Khuthaza izingane ukuthi zibhale phansi imibono yazo ngenzwadi eziyifundile. Zikhumbuze ukuthi angeke wonke umuntu athokozele ukufunda uhlobo lunye lwezincwadi noma izincwadi zababhali abafanayo.
- Ukubuyekwezwa kwezincwadi okuhle kusiza abantu ukuthi banqume ukuthi ngabe bayafuna yini ukufunda incwadi noma cha. Ekubhaleni kwabo behluzwa incwadi kumele babhale babeke amabala engwe, kodwa banganiki imininingwane eminingi ngendaba!
- Ukubhala ukuhluzwa kwencwadi kungaba kude noma kufishane, futhi kungahlanganisa nokucashunwa kwezingxenye zencwadi yilowo obuyekwezwa incwadi.
- Ungasebenzisa imibhalo yokuhluzwa izincwadi zezingane ukuze uqale ingxoxo emayelana nezincwadi. Gcina imibhalo yokubuyekwezwa izincwadi efoldeni ekhethekile izingane ezingabheka kuyo, noma uyiphanyeke ebhodini lezaziso noma odongeni lwekilasi lakho noma lwendawo yethimba lokufunda. Unganamathelisa futhi nephakethe leplastiki ngaphakathi kwezincwadi ukuze izingane zifake khona imibhalo yazo yokuhluzwa izincwadi.
- Khumbuze izingane ukuthi zibhale ngaso sonke isikhathi isihloko sencwadi, igama lombhali kanye negama lazo uqobo embhalweni wazo wokuhluzwa incwadi. Kufanele zifake negama lomdwebi wezithombe, uma kukhona izithombe encwadini.
- Izingane zidinga usizo ngesinye isikhathi ngalokho ezingakufaka embhalweni wokuhluzwa incwadi. Zama ukuzinikeza eminye yale misho ukuze ziyiqedele:

- Le ndaba imayelana ...
- Abalingiswa abakhulu o- ...
- Ingxenye yencwadi engiyithanda kakhulu ...
- Ngesikhathi ... ngizwe ...
- Ngithande kakhulu noma angithandanga ... ngoba ...
- Umlingiswa engimthande kakhulu u- ...
- Kumele ufunde le ncwadi ngoba ...
- Ngicabanga ukuthi uzoyithokozela le ncwadi uma uthanda izindaba ezi- ...
- Le ncwadi ngiyinika lawa maphuzu: ☆☆☆☆☆

Isihloko: Sekhwama sa Mothohlapi
Umbhali: Jude Daly
Umdwebi wemifanekiso: Magriet Brink
Igama lomhlaziyi: Siphokazi Nali

Yenza ukufundela ukuzithokozisa ingxenye yesikole sakho! Ukuthola ulwazi olwengeziwe nokucathuliswa ukuthi ukwenza kanjani lokhu, vakashela ku-www.storypoweredschools.org.

Get creative!

Here are some fun activities to grow your children's creativity and encourage them to have fun with reading and writing.

- ★ After you have read *The fish and chicken's wedding* (pages 5, 6, 11 and 12), discuss with your children who their favourite character in the story is. Encourage them to say why this character is their favourite. Then suggest that they try writing their own story using their favourite character as the main character.



Veza ubuciko bakho!

Nayi eminye imisebenzi yokuzithokozisa ukuze ukhulise ikhono lokusungula lezingane zakho nokuzikhuthaza ukuthi zithokozele ukufunda nokubhala.

Ngemuva kokuba usufunde *Umsshado wenhlanzi nenkukhu* (amakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12), xoxa nezingane zakho ngokuthi ubani umlingiswa ezimthanda kakhulu endabeni. Zikhuthaze ukuthi zisho ukuthi kungani lowo kungumlingiswa ezimthandayo. Manje phakamisa ukuthi zizame ukuzibhalela ezazo izindaba zisebenzisa umlingiswa ezimkhonzile njengomlingiswa osemqoka.

Champion of the night (pages 7–10), is a story about courage and compassion. After you have read the story, spend time discussion these concepts with your children. For example, you could ask:

- ★ Ryan says that being brave is doing something even when you are afraid to do it. Do you think he's right?
- ★ Can you remember a time when you acted bravely, or you wished you had been braver?
- ★ Ryan stood up for David even though David wasn't popular. Do you think that's a difficult thing to do? Why/why not?
- ★ Have you ever had to stand up for yourself or someone else? What happened?
- ★ The story is called *Champion of the night*. Who do you think the champion of the night was?

Iqhawe lobusuku (amakhasi 7–10), yindaba emayelana nesibindi nentshisekelo. Ngemuva kokuthi usuyifundile indaba, thatha isikhathi nixoxisana ngalawa magama nezingane. Ukwenza isibonelo, ungabuza uthi:

- ★ URyan uthi ukuba nesibindi ngukwenza into ngisho ngabe wesaba ukuyenza. Ucabanga ukuthi uqinisile? Usho/Awusho njalo ngani?
- ★ Ungakwazi ukukhumbula isikhathi lapho wenza okuthile ngesibindi, noma wawufisa sengathi ngabe ube nesibindi esikhudlwana?
- ★ URyan wammela uDavid nakuba uDavid wayengesona isilomo. Ngabe ucabanga ukuthi leyo nto inzima ukuyenza? Usho/Awusho njalo ngani?
- ★ Uke wadingeka ukuthi uzimele noma umele omunye? Kwenzakalani?
- ★ Indaba ibizwa ngokuthi *Iqhawe lobusuku*. Ucabanga ukuthi kwakungubani iqhawe lobusuku?

- ★ Read the story, *The leopard, the otter and the mouse* (page 14), for a second time. As you read, invite your children to join in Leopard's cry for help. They can also mime some of the actions, like the game of "loose and tight", or when Leopard tries to grab Mouse.



Funda indaba, *Ingwe, umthini negundane* (ikhasi le-15), okwesibili. Ngenkathi ufunda, mema izingane zakho ukuthi zihlanganyele ekukhaleni kukaNgwe efuna usizo. Zingaphinde zilingise eminye yeminyakazo, njengomdlalo "wokuqegisa nokujinisa", noma ngesikhathi uNgwe ezama ukubamba uGundane.

16 October is Dictionary Day. To celebrate this day, try one or more of these ideas with your children.

- ★ **Warm up:** Get used to using a dictionary by asking everyone to think of one of their favourite words, and to then look up the meaning of the word. Follow this up by taking turns to close the dictionary and then let it flip open. Read the first word (and its meaning) you see when you flip it open.
- ★ **Have a word race:** Choose any word in your dictionary and then let the children race to see who can find it first in their dictionary. (If you're doing this with groups of children, they can work alone or in pairs.) The first child (or pair) to find the word, should read out the definition. They then get to choose the next word that everyone will search for!
- ★ **Make up new words:** Challenge each of your children to make up a few new words and definitions. Let them write these words and definitions on small pieces of paper, and display them on the fridge, wall or door. Have fun making up sentences with these new words in them – or using them in everyday conversation!

Mhla ziyi-16 kuMfumfu Usuku Lwesichazamazwi. Ukugubha lolu suku, zama icebo elilodwa noma ngaphezulu kulawa nezingane zakho.

- ★ **Zifudumeze:** Jwayela ukusebenzisa isichazamazwi ngokucela ukuba lowo nalowo ake asho elinye lamagama awathanda kakhulu, bese emva kwalokho ebheka incazelo yalelo gama. Landelisa lokhu ngokushintshana ngokuvula isichazamazwi bese usivula. Funda igama lokuqala (incenzelo yalo) olibonayo uma usiphenqa.
- ★ **Yibani nomjaho wamagama:** Khetha noma yiliphi igama kusichazamazwi sakho bese udedela izingane ukuthi zijahle ukubona ukuthi ngubani ozolithola kuqala kuzichazamazwi zazo. (Uma lokhu ukwenza namaqembu ezingane, zingasebenza ngazinye noma ngazimbili.) Ingane yokuqala (noma ezingambili) ukuthola igama, kumele ifunde incazelo kuzwakale. Ngemuva kwalokho zizokhetha igama elilandelayo elizocingwa yizo zonke izingane!
- ★ **Sungula amagama amasha:** Fakela inselelo ingane ngayinye ukuthi yenze amagama amasha ambalwa kanye nezincenzelo. Mazibhale lawa magama nezincenzelo eziqeshini ezincane zamaphepha, bese ziwaphanyeka esiqandisini, obondeni noma emnyango. Thokozelani ukwakha imisho ngala magama amasha – noma niwasebenzise engxoxweni yansuku zonke!


- ★ Famous South African storyteller and author, Gcina Mhlophe, celebrates her birthday on 24 October. Spend time on or near this date honouring this great South African talent by reading her stories or finding out more about her on the Internet. Watch her tell a story on YouTube, or you can read her story, *Sisanda's gift*, on the Nalibali website (www.nalibali.org) or mobisite (www.nalibali.mobi).



Umxoxi wezindaba nombhali wodumo waseNingizimu Afrika, uGcina Mhlophe, ugubha usuku lwakhe lokuzalwa mhla zingama-24 kuMfumfu. Chiitha isikhathi ngalolu suku noma oluseduze kwalo uhloniphe lesi siphwiwo esikhulu kangaka saseNingizimu Afrika ngokuthi ufunde izindaba zakhe noma uthole kabanzi ngaye ku-Inthanethi. Mbukele exoxa indaba kuYouTube, noma efunda indaba yakhe ethi, *Isipho sikaSisanda*, kusizindalwazi sikaNalibali (www.nalibali.org) noma kumobhisayithi (www.nalibali.mobi).

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina


1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination




“Every child should own a hundred books by the age of five.”



Find out more at bookdash.org. Read our books for free, in all 11 languages, on the Android app. Search for “Book Dash” in the Google Play store.

All Book Dash books are open-licensed and are created by volunteer professionals at Book Dash events.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi



Esendleleni ebuyela ekhaya, wahlangana noMvu, uBhogo. Wandle wayibona imvu ezilungeleyo, wakhiphela inhlizyo yakhe yonke kuyo. Wayitshela imvu nokushwo yindlovu kuye. UMvu wayiduduzisa inkukhu futhi wakwazi nokuyenza imoyizele kancane.

Emva kwalokho uMvu wamema uCikizwa ukuthi azodla isidlo sakusihlwa emzini wakhe. Badla isitampu esimnandi esiphkekwe nobhontshisi njengesidlo sakusihlwa. Ngemuva kwalokho uCikizwa wadansa ngentokozi nomndeni wakwamvu ngesikhathi sekudlala umculo. Wadansa kakhulu ngendlela yokuthi kwaphuquka izintuli waze wakhohlwa nayizo zonke izinkkingal

On her way home, she met Gusha Bhogo. As soon as she saw the kind sheep, she poured out her heart to him. She told him about what Elephant had said to her. Gusha comforted the chicken and he was even able to make her smile a little.

Then Gusha invited Cikizwa to have supper at his home. They had tasty samp, cooked with beans for supper. Afterwards, Cikizwa danced joyfully with the Gusha family as the music played. She danced so much that she sent the dust flying and forgot all her troubles!

The fish and chicken's wedding

Umshado wenhlanzi nenkukhu

*Siyasanga Madyibi
Madoda Ndlakuse
Vuyisa Ngqawani*





The next day it rained and rained. It rained so heavily that many animals were swept away by the nearby river. Cikizwa was safe in her little coop because her father had been clever enough to build a drain nearby so that it didn't get flooded. But Cikizwa still felt sad about what had happened to some of her friends.

Once the rain stopped, beautiful, colourful flowers appeared and there was a cool breeze. Cikizwa was out enjoying the sunshine when she saw Elephant limping along and crying loudly. Kind Cikizwa quickly called an ambulance. When the ambulance arrived, Elephant got the help he needed. His leg was bandaged and he was given an injection to help with the pain. As soon as Elephant started to feel better, he thanked Cikizwa for her kindness. Then he said, "Cikizwa, my child, never change who you are. Keep on respecting and loving everyone."

Ngosuku olundelayo izulu layishaya imvula. I ama kakhulu ngendlela yokuthi iningi lezivane lakhukhulwa wumfula osezuze. UCikizwa yena wayephaphile esidlekeni sakhe ngoba uyise wayehlalakaniphile wakha umsele eduze kwaso ngakho asizange sikhukhuleke. Kodwa uCikizwa wayelokhu ephatheke kabi ngokwenzekile kwabanye abangani bakhe.

Kwathi uma imvula ingamuka, kwavela izimbali ezinye, ezinemibala egqamile futhi kwakukhona umoyana opholile. UCikizwa waphumela ngaphandle wathokozela ukukhanya kwelanga ngenkathi ebona uNdlovu eqhuga futhi ekhala empongozoza. UCikizwa olungileyo wabiza i-ambulensi ngokushesha.

Lapho i-ambulensi ifika, uNdlovu wathola usizo aludingayo. Umilenze wakhe waboshwa ngebhandishi wase uyajovwa ukusiza ukudambisa izinhlungu. Ngenkathi uNdlovu eqala ukuzizwa esengcono, wabonga uCikizwa ngomusa wakhe. Wayesethi, "Cikizwa, mtanami, ungagquki kulokhu oyikho. Hlala uhlonipha futhi uhlanda wonke umuntu."



Kwakukhona inkukhu okuthiwa uCikizwa eyayiyintandane.

There once lived a chicken, called Cikizwa, who was an orphan.



Now, in the place where Cikizwa lived, there was a cruel elephant. Elephant often said really unkind things to Cikizwa to try and make her unhappy.

One morning, when Cikizwa greeted Elephant, he snubbed her and said, "Ha, ha, ha! Go away, you orphan! What do you want from me? You're so skinny. It's as if you haven't had enough meals to eat!"

Cikizwa was heartbroken.

Manje-ke endaweni okwakuhlala khona uCikizwa, kwakukhona indlovu enonya. UNdlovu lo wayevamise ukusho izinto ezingemmandi kuCikizwa ngenhloso yokuzama ukumenza angathokozi.


Ngeinye ilanga ekuseni ngenkathi uCikizwa ebingelela uNdlovu, wamane wamziba nje, wayesethi, "Ha, ha, ha! Suka lapha, je ntandane lei! Ufunani lapha kimi? Waze wonda bo. Sengathi awuwutholanga ummbila owanle ongwudla!"

Yaba buhlungu inhliziy o kaCikizwa.

Kumakhilomitha ambalwa nje ezansi nomgwapo kwaba yithuba lami lokuthi ngehlistwe. Ngingedwa ebumnyameni, ngaqoshamna nganikonkoshela amadolo ami. Ngingazi ngale ngxenye yekhempu. Umfowethu omdala, Wesley, wayeke wangqishela ngayo. Wake waya khona esafunda ibanga lesi-7. Wayengifundisile ukuthi ngibhekane kanjani nayo. Ingabe uDavid wayekwazile yini ukumelana nesimo? Ngizabuzwa. UDavid kwakungumfana ofikayo. Wayesanda kufika evela eMelika. Wayengakaze aphumele ngaphandle kwedolobhakazi. Wayengakaze abe se-Afrika. Wayengakaze abe sesiganjeni. Wayesaba izicabucabu nezinye izinambuzane. UBrandon noVusi babemisthele ukuthi amabhudezi nobhejane kwakusazulazula ezindaweni zokukhempa. Futhi ngangazi ukuthi wayebakhohlwa. Lapho bemisthela ukuthi izicabucabu ezinkulu njengepuleti zazigxuma ziphume ezihlahleni ebusuku, ngangicabanga ukuthi uDavid wayezophalaza imbala ngendlela ayebonakala eshaywe uvalo ngayo.

A few kilometres down the road and it was my turn to be dropped off. Alone, in the dark, I hunkered down and hugged my knees. I knew about this part of camp. My older brother, Wesley, had told me about it. He'd done it when he was in Grade 7. He'd taught me how to handle it. How was David coping? I wondered. David was a new boy. He'd just arrived from America. He'd never been out of the city. He'd never been to Africa. He'd never been into the veld. He was scared of spiders and bugs. Brandon and Vusi had told him that lions and rhinos still roamed wild at the camp site. And I knew he believed them. When they told him that spiders as big as plates jumped out of trees at night, I thought David was going to throw up he looked so scared.


David walked to the open door like a man going to the executioner. At the door he paused, and I thought he was going to turn back, but then he jumped down into the road and crouched there as we drove away. UDavid wahamba eqonde emnyango ovuliwe njengendoda eya kumbulali. Emnyango wathi ukuma; ngangicabanga ukuthi uzophenduka abuye, kodwa wagxumela phansi emgwageni magede waqoshamna ngenkathi siqhubeke ngebhasi.



This story comes from *Stories that Talk 2*, Heartlines' second collection of stories about values. For more information please email orders@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi



Champion of the night

Iqhawe lobusuku

Helen Brain
Sheree Pornalis



7

Eduze kwami, ngigobile esihlalweni, ngengezwa umfana ofikayo, uDavid, eqhagqazela ngenkathi ibhasi lima lehisa uMarcus. Sabheka emuva sabuka uMarcus emile emgwageni owubhugu, gya ngokuncipha kancane kancane ngenkathi siqhubeka ngebhasi. Ngenyuva kwekhilomitha, kwabe sekuyithuba likaJenny-Lee, emva kwakhe kwaba uJoe, kwase kubu uWill. Uphumla noDaisy banquma ukuthi bazilahlele ebhasini, kanti kwathi noma sibagcona, abaze baba nandaba.

“Kulungile, David,” kusho uMnu Ndolo, ngesikhathi ibhasi lima okwesihlanu. “Sekuyithuba lakho manje.”

Ngezizwela umfana womMlekana omncane eshaywa wuvulo ngesikhathi esukuma. Ubuso bakhe babuphaphathekile bumhlophe. Izandla zakhe zazenza inqindi.

“Uqaphele amabhucsi,” kubhodla uBrandon emigqeni emibili engemuva.

“Nawobhejane,” kunsinsitheka uVusi. “I-Afrika inezilwane zasendle futhi incinane.”

“Kungenzeka udlile,” kumcmcaza uBrandon. “Ukudla okumandi kwebhubesi okuvela kwelinye izwe.”

UDavid waphenduka wababhaka, ngabona uvulo lubhalwe emehlweni akhe.

“Thulani, nina nobabill,” kukhuzza uMnu Ndolo, “ngaphandle kwalokho ngizokwenza ukuthi nibuyele ekhaya ngezinyawo.”

“Asesabi thina,” kunsinsitheka uBrandon.

“Ungabana, ndodana,” kusho uMnu Ndolo kuDavid. “Kuphhephe kakhulu. Sizobuya sikuthathe ngenyuva kwemizuzu engamashumi amabili.”

2


Every year our class goes on an adventure camp. We learn about hiking, and about how to rock climb, start a fire without matches, identify different kinds of birds, and how to look after the environment. This year I learnt something I will never forget. I learnt what it means to be really brave. It started with a game called, Champion of the Night.

On the second evening, when we'd had our sausages and baked beans, and washed our plates and cups, Mr Ndolo called us together and told us all to get into the bus. We were very excited. But we didn't know what lay in store for us.

“You'll learn more about yourself in these twenty minutes alone in the dark, in the wild, than you will all year in the classroom,” Mr Ndolo said as we drove away from the camp site into the black, black night. “It's perfectly safe. There are no wild animals. When we drop you off, stay where you are, relax and enjoy the silence.”

“You're dropping us off, alone?” squealed Meryl.

“But I didn't bring my torch,” called Marcus. “Can we go back and fetch it, Sir?”



10

I spent the twenty minutes thinking up my dream team for the World Cup. It didn't seem long when in the distance I saw the headlights of the school bus, and I stood up and stretched. It had been easier than I thought. I had taken my brother's advice. “Don't think about the dark and the funny noises. Think about something else. Block out your fear if you can.” It had helped.

The bus pulled up next to me, the door swung open, and I jumped aboard. It was half full of kids, laughing and cheering with relief that the ordeal was over. Only David sat in silence; white faced.


Ngachitha imizuzu engamashumi amabili ngicabanga ngesifiso sami ngeqembu lebhola leNdebe YoMhlaba. Akuphelanga sikhathi eside ngabe sengibona amalambu ebhasi lesikole, ngabe sengima ngizelula. Kwakuvele kwaba lula kunalokhu engangikucabanga. Nangithathe isuleko sikamfowethu. “Ungacabangi ngobumnyama nangemisindo engayayelekile. Cabanga ngokunye nje. Ungavumele ukwesaba kwakho kusondle, uma ungakwenza lokho.” Kwakungisizile lokho.


Ibhasi lasondela eduze kwami, kwavuleka umnyango, ngase ngiphonseka phakathi. Lase linothafu wezingane, ezihlekayo nezihlalalisayo ngokuthi okwethusayo kwase kwedlulile. NguDavid kuphela owayehleli ethule; ephaphathekile ebusweni.

15

Across the campfire David lifted his head for the first time that night. He caught my eye, and I knew that I was looking at the bravest of us all, wet tracksuit pants and all.

Ngaleya komlilo, uDavid waphakamisa ikhanda okokuqala ngalobo busuku. Kwahlangana amehlo ethu, ngabe sengazi ukuthi ngibheke kulowo onesibindi ukusedlula sonke, noma ibhulukwe lethrekhisudi yakhe lase limanzi nje.





I pulled in next to him. The bus started.
 “How was it?” I asked.
 “OK.”
 It was then that I noticed David’s tracksuit pants. He’d wet himself.
 Ngasondela eduze kwakhe. Ibhasi lagala ukuduma.
 “Bekunjani?” ngimbuzi.
 “Bekukuhle.”
 Kwakungaleso sikhathi lapho ngagaphela ibhulikwe
 likDavid lethrekhisudi. Wayesevle wazichamela.

Next to me, hunched on the seat, I could feel the new boy, David, trembling as the bus stopped and dropped off Marcus. We looked back and watched Marcus standing on the dirt road, getting smaller and smaller as we drove away. A kilometre on it was Jenny-Lee’s turn, then Joe, then Will. Puma and Daisy decided to stay in the bus, and we all teased them, but they didn’t seem to mind.
 “Right, David,” Mr Ndolo said, as the bus stopped for the fifth time. “Your turn.”
 I could feel the small American boy’s fear as he got up. His face was white. His hands clenched in tight fists. “Watch out for lions,” roared Brandon from two rows back.
 “And rhinos,” scoffed Vusi. “Africa is wild and dangerous.”
 “You might get eaten up,” called Brandon. “A nice tasty imported snack for a lion.”
 David turned to them, and I saw the terror in his eyes. “Be quiet, you two,” ordered Mr Ndolo, “or I’ll make you both walk home.”
 “We’re not scared,” scoffed Brandon.
 “Take no notice of them, son,” Mr Ndolo said to David. “It’s perfectly safe. We’ll be back to pick you up in twenty minutes.”

Njalo ngonyaka ikilasi lethu liyahamba lizikhiphe liyokhempa ngenhloso yokufunda. Sifunda ukuhamba indlela ngezinyawo, nangokuthi ucaca kanjani emadwaleni, ukubasa umlilo singaphethe mentshisi, ukuhlonza izinhlobo ezahlukeni zezinyoni, kanye nokuphatha indalo ngendlela. Kulo nyaka ngifunde into engingasoze ngayikhohlwa. Ngifunde ukuthi kusho ukuthini ngempela ukuba nesibindi. Kwaqala ngomdlalo okuthiwa, Iqhawe Lobusuku.

Ngokuhlwa kwesibili, ngenkathi sesiwadlile amasosishi kanye nobhontshisi obhakiwe, futhi sesigeze namapuleti ethu nezinkomishi, uMnu Ndolo wasibiza wayesesitshela ukuthi sonke singene ebhasini. Sasijabule kakhulu. Kodwa sasingazi ukuthi yini eyayisazokwenzeka.

“Nizofunda kabanzi ngani uqobo kule mizuzu engamashumi amabili ninodwa ebumnyameni, nisendle, nizofunda kakhulu ukwedlula unyaka wonke ekilasini,” kusho uMnu Ndolo ngenkathi sihamba ngemoto sibheke endaweni yokukhempa, singena ebumnyameni obuthe suce. “Kuphephe kakhulu. Azikho izilwane zasendle. Uma sinishiya nihlale lapho nibekwe khona, nikhululeke futhi nithokozele ukuthula.”

“Uzosishiya sisodwa nje?” kunswininiza uMeryl.

“Kodwa angizange ngiliphathe ithoshi lami,” kumemeza uMarcus. “Singabuyela emuva ngiyolilanda, Mnumzane?”

David just sat there, looking smaller and more miserable. He looked ashamed of himself.

And then I knew what I had learnt during Champion of the Night. I put up my hand.

“Yes, Ryan,” said Mr Ndolo. “What did you learn?”


“Sir, I learnt that being brave doesn’t mean not being afraid. A really brave person is someone who is very, very scared, and who does the thing they are scared of, right through to the end, without complaining or making a fuss.”

UDavid wavele wazihlalela nje lapho, ebonakala emncane futhi engathokozile neze. Wayebonakala enamahlonyana.

Emva kwalokho ngabe sengazi ukuthi ngifundeni ngesikhathi seQhawe Lobusuku. Ngaphakamisa isandla sami.

“Yebo, Ryan,” kusho uMnu Ndolo. “Yini oyifundile?”

“Mnumzane, ngifunde ukuthi ukuqunga isibindi akusho ukuthi awunalo uvalo. Umuntu onesibindi wumuntu owesaba kakhulu, futhi owenza into ayesabayo, kuze kufike ekugcineni, ngaphandle kokukhononda noma ukukhathazeka.”



Outside the darkness was thick, like black soup. The lights of the bus picked out the dirt road, the scraggy trees, the sharp mountains like teeth behind them.

Phandle umnyama wawukhasa phansi, njengomhluzi omanyama. Amalambu ebhasi ayehlaba umgwaqo owubhunu, izihlahla ezizacile, izintaba ezicijile njengamazinyo ngenyuva kwabo.

“The whole point of the exercise,” said Mr Ndolo, “is to experience being all alone, at night, in the veld. You’ll be surprised at how much you learn about yourself.”

At the front of the bus, Pumla and Daisy were looking scared stiff. “Do we have to do it, Sir?”

Mr Ndolo patted Daisy’s shoulder. “Of course you don’t have to. It’s voluntary. But I would encourage you all to give it a try.”

“I’m not scared,” called Vusi, from the back of the bus.

“Phela iyona kanye leyo inhloso yalokhu,” kwasho uMnu Ndolo, “ukuzwa ukuthi kunjani ukuba wedwa nje, ebusuku, esigangeni. Uzomangala ukuthi kungakanani ozokufunda ngawe uqobo.”

Phambili laphaya ebhasini, uPhumla noDaisy babebukeka bethuke bomile. “Ngabe sikhona isidingo sokwenza lokhu, Mnumzane?”

UMnu Ndolo wambambatha uDaisy ehlombe. “Empeleni awuphoqiwe ukwenza lokhu. Uyazikhethela. Kodwa nginganikhuthaza nonke ukuthi ke nizame nje.”

“Angesabi mina,” kusho uVusi, lena emuva ebhasini.

Kamuva sahlala sazungeza umlilo siphuza ukhokho sosa namamashimalo.

“Make sikhulume ngalo msebenzi ebasiwenza,” kusho uMnu Ndolo. “Yini esiifundile?”

“Ngifunde ukuthi ngeke ngiphinde ngiyenze le nto,” kuhleka uClaudette. “Bengesaba kakhulu.”

“Nami futhi,” kusho uPhumla. “Ngikuzondile lokhu. Ngokuzayo ngizohamba nethoshi lami.”

“Awuzange uphume ngisho ebhasini,” kuhleka uWill. “Kungani bewesaba?”

“Wena-ke, Brandon,” kubuza uMnu Ndolo. “Umelane kanjani nalo msebenzi?”

“Bengingesabi mina.”

“Unesibindi ngempela, Brandon,” kusho uClaudette. “Awuve unenhlanhla.”

UBrandon wahlehlisa amahlombe. “Bengingahlala laphaya ubusuku bonke,” kusho yena. “Akuzange kungikhathaze.”

“Nami futhi,” kuphazamisa uVusi. “Ukuba bekuzoqhamuka ibhubesi, bengizolibamba ngiligingqo phansi ngalezi zandla zami.”

Bonke bahleka, futhi abanye abantu babebuka uDavid ngoba babazi ukuthi uVusi lokhu wayekusho ngoba bemgcona.

Later we sat around the fire drinking hot cocoa and toasting marshmallows.

“Let’s talk about this exercise,” said Mr Ndolo. “What did we learn?”

“I learnt that I’m never doing that again,” laughed Claudette. “I was so scared.”

“Me too,” said Pumla. “I hated it. Next time I am so taking a torch with me.”

“You didn’t even get off the bus,” laughed Will. “Why were you scared?”

“How about you, Brandon,” asked Mr Ndolo. “How did you cope?”


“I wasn’t scared.”

“You’re so brave, Brandon,” said Claudette. “You’re so lucky.”

Brandon pulled back his shoulders. “I could have stayed there all night,” he said. “It didn’t bother me.”

“Me neither,” interrupted Vusi. “If a lion had come along, I would just have wrestled it to the ground with my bare hands.”

Everyone laughed, and some people looked over at David because they knew Vusi was saying it to tease him.



Some time later, Cikizwa went down to the river to enjoy herself. There were already a few people and animals there. Some of them were fishing, and then braaiing the fish they had caught. They ate the fish and fluffy freshly-baked roostercock.

Cikizwa noticed a beautiful fish and she found out that his name was Gumbi.

Ngemuva kwesikhathi esithile, uCikizwa wehla waqonda emfuleni wayozithokozisa khona. Kwase kuvele kukhona abantu abambalwa kanye nezilwane abanye babedoba, bese lapho. Abanye babedoba, bese bosa izinhlanzi abazibambile. Badla izinhlanzi kanye namakhekhe amnandi asanda kubhakwa. UCikizwa waqaphela inhlanzi enhle futhi wathola ukuthi igama layo kwakunguGumbi.

Their wedding day arrived. The sun was blazing hot. What a wonderful wedding it was! The animal choir sang beautifully. Iguanas, whales, crocodiles, seals, sharks, dolphins, sheep, cattle, dogs, antelopes, hares, porcupines, water snakes and other animals all sang together:

*“It is enjoyable here at the wedding of the fish.
It is enjoyable here at the wedding of the chicken!”*

Lwaze lwafika usuku lomshado. Ilanga lalishisa kabi. Kwakungeve kuwumshado oyisimangaliso! Iqembu lomculo lezilwane lacula kahle. Oxamu, imikhomo, izingwenya, izimvu zamanzi, oshaka, amadolfini, izinkomo, izinja, izinyamazane, onogwaja, izingungumbane, izinyoka zamanzi kanye nezinye izilwane zacula ndawonye:

*“Kumnandi lapha emshadweni wenhlanzi.
Kumnandi lapha emshadweni wenkukhu!”*

Ngokuanye ukuhlwa, uCikizwa wavalalisa kumngani wakhe wayesechamba eya ekhaya. Ngalobo busuku uCikizwa waphupha. Wezwa izwi likanina libuza, “UCikizwa uzoshada nini?” “Hhayi, kungenzeka ukuthi bengiphupha,” kusho uCikizwa ngenkathi evuka.



One evening, Cikizwa said goodbye to her friend and went home. That night, Cikizwa had a dream. She heard her mother’s voice asking, “When is Cikizwa getting married?” “Oh, I must have been dreaming,” said Cikizwa as she woke up.

One day Cikizwa was out looking for food when she saw a mole coming out of his hole. She started speaking to the mole, but he ignored her. Tears poured down Cikizwa’s face as she wept bitterly, and so the mole apologised for hurting her feelings.



Ngolunye usuku uCikizwa wayephumile eyobheka ukudla ngesikhathi ebona imvukuzane iphuma emgodini wayo. Waqala wakhuluma nemvukuzane, kodwa yona ayaze yamnaka. Kwakuphuma izinyembezi zehla ebusweni bukaCikizwa ngenkathi ekhala kabuhlungu, ngakho imvukuzane yaxolisa kakhulu ngokuphatha kabi imizwa yakhe.



Then he bought some
cooldrink and scones. They
ate and drank them together
and then they both felt
much happier.

From that day on, the mole
and Cikizwa became great
friends. The friends often
hugged each other tightly.
They loved and looked after
each other.

Emva kwalokho yabe
isithenga iziphuzo
namakhekhe. Badla base
bephuza bendawonye, base
bezizwa bejabujabule.

Ukusuka ngalelo langa
imvukuzane noCikizwa
baba ngabangani abakhulu.
Abangani imvamisa
bayawolana babambane
kuba yiziswambithi.
Babezwana futhi
benakekelana.

Gumbi and Cikizwa got to know each other and quickly became
friends. Cikizwa even decided to stop eating fish out of respect
for Gumbi.
Some of the other animals laughed at them and said, "How can
a fish and a chicken be friends?"
But Gumbi and Cikizwa didn't care. They became even closer.
Gumbi taught Cikizwa how to swim and dive, and Cikizwa
taught Gumbi how to scratch in the sand for food.
Eventually Gumbi asked Cikizwa to marry him. Cikizwa agreed
immediately. Together they decided to have their wedding the
following Saturday at a place that they both loved near the river.
Ugumbi noCikizwa bagala ukwazana, kanti ngokushesha babe
sebenzabangani. UCikizwa waze wanguka ngisho nokuthi
ayeke ukudla inhlanzi ngoba chlonipha ugumbi.
Ezinye izilwane zabahleka zase zithi, "Kungenzeka kanjani
ukuthi inhlanzi nenkukhu kube ngabangani?"
Kodwa ugumbi noCikizwa abazange babe nandaba. Babe
sebesondelana kakhulu. Ugumbi wafundisa uCikizwa
ukubhukuda nokuziphonsa emanzini, kanti uCikizwa wafundisa
ugumbi ukugqwanda emhlabathini ukuthola ukudla.
Ekugcineni ugumbi wacela uCikizwa ukuthi amshade.
UCikizwa wawumela phezu. Bendawonye banquma ukuthi
bazoba nomshado wabo ngoMgqibelo olandelayo endaweni
abayithanda bobabili naseduze komfula.

Here are a few questions that some of the Na'ibali FUNda Leaders have sent us – as well as our advice to them.

- **Many people in my community don't show much interest in literacy. What can I do?**

One of the roles of a FUNda Leader is to engage with community members and parents. By demonstrating to them how reading clubs work and how storytelling works, you will slowly but surely grow their interest in reading and writing. Remember that change sometimes takes a little time, but it is individuals like you who are making it happen!

Na'ibali is always here to support you! To get support and encouragement from other FUNda Leaders, create your own FUNda Leader profile on the Na'ibali mobisite (www.nalibali.mobi).

- **I'm struggling to create opportunities for children in my community to come and enjoy reading. What do you suggest?**
One way to overcome this challenge is to attend FUNda Leader workshops in your area, and to have a good connection with the Na'ibali Literacy Mentor in your community. Na'ibali often has local literacy activities and events. You can attend these and bring children with you.
A great way to find safe reading spaces is to partner with organisations who focus on literacy or on helping children. These organisations are often very willing to assist and help where they can!
- **We need resources, but the nearest library is far away from our village. Please help!**
You can always find free, fun stories in all South African languages on our website (www.nalibali.org) if you run out of books to read.
- **The children I know, don't like to read. They prefer social media. How can I get them reading?**
You can use this to your advantage. Many of the Na'ibali reading resources, like stories and rhymes, can be found online and are also shared on our Facebook page.
Encourage children to write stories. They can then submit them online on the Na'ibali website (www.nalibali.org) or post them on their own Facebook pages. Also encourage them to share information on their Facebook pages about books they have enjoyed reading. In this way, they will get responses from their friends about their stories and the things they enjoy reading – and it may motivate even more children to do the same!
- **How do I remain positive?**
Look for the small, positive changes that are happening around you. Notice the children's progress with reading and writing, and with telling stories. Also, attend workshops whenever you can and look for support from other community members.
If you ever feel alone or demotivated, remember that Na'ibali and other FUNda Leaders are simply a click away. Create your FUNda Leader profile on the Na'ibali mobisite (www.nalibali.mobi). Simply click on "Register" to connect directly with Na'ibali and other FUNda Leaders.
Together, we can inspire and support each other!

Do you have questions about how to encourage reading and writing in your community? Na'ibali will answer them for you! Email your questions to info@nalibali.org or phone our call centre on 02 11 80 40 80.

Ngabe unemibuzo mayelana nokuthi ungakukhuthaza kanjani ukufunda nokubhala emphakathini wakho? UNa'ibali uzokuphendulela yona! Thumela nge-imeyili imibuzo yakho ku-info@nalibali.org noma usishayele esizindeni sethu sezingcingo ku-02 11 80 40 80.



Dear Na'ibali ...
Na'ibali othandekayo ...

**WRITE TO US!
SIBHALELE!**

The Na'ibali Supplement
The Na'ibali Trust
Suite 17-201, Building 17
Waverley Business Park
Wyecroft Road
Mowbray
7700
info@nalibali.org

Nayi imibuzo embalwa esiyithunyelelwe ngabanye bama-FUNda Leaders kaNa'ibali – kanye nezeluleko zethu kuwona.

- **Abantu abanengi emphakathini wakithi abakhombisi luthando lokufunda. Yini engingayenza?**

Omunye wemisebenzi ye-FUNda Leader wukuxoxisana namalungu omphakathi nabazali. Ngokubakhombisa ukuthi amathimba okufunda asebenza kanjani nokuthi ukuxoxa izindaba kuhamba kanjani, kancane kancane uzokhulisa uthando lwabo lokufunda nokubhala. Khumbula ukuthi inguquko ngesinye isikhathi ithatha isikhashana, kodwa ngabantu abafana nawe abayenza yenzeke!


UNa'ibali uhlale elapha ukukusekela! Ukuze uthole ukusekeleka nokukhuthazeka okuphuma kwamanye ama-FUNda Leaders, zenzele eyakho iminingwane njenge-FUNda Leader kumobhisayithi kaNa'ibali (www.nalibali.mobi).

- **Ngikuthola kungumqansa ukwakha amathuba ezingane zomphakathi wakithi ukuthi zize zizothokozela ukufunda. Yikuphi okuphakamisayo?**
Enye indlela yokunqoba le nselelo ukuzibandakanya kuzinkundlakucobelelana ze-FUNda Leader endaweni yakini, nokuthi ube nokuxhumana okuhle noMeluleki Wokufunda Nokubhala kaNa'ibali osemphakathini wakini. UNa'ibali uvamise ukuba nemisebenzi nemicimbi yokufunda nokubhala. Ungaya kuyo uze nezingane.
Indlela enhle kakhulu yokuthola izindawo eziphephile zokufunda wukubambisana nezinhlangano ezigxile ekufundeni nasekubhaleni noma ekusizeni izingane. Lezi zinhlangano imvamisa zikuthanda kakhulu ukusiza lapho ziphumelela khona!
- **Sidinga izinsiza, kodwa umtapo wolwazi oseduze ukude kakhulu nesigodi sangakithi. Sicela nisize!**
Ungakwazi ukuthola izindaba zamahhala nezithokozisayo ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika kusizindalwazi sethu (www.nalibali.org) uma ngabe uphelelwa yizincwadi zokufunda.
- **Izingane engizaziyo azikuthandi ukufunda. Zincamela ukungena ezinkundleni zokuxhumana. Ngingazenza kanjani ukuthi zifunde?**
Ungakusebenzisa lokhu ukuze kuvune wena. Iningi lezinsiza zikaNa'ibali, njengezindaba nezilandelo, zingatholakala kusizindalwazi futhi kungabelwana ngazo ekhasini le-Facebook.
Khuthaza izingane ukuthi zibhale izindaba. Emva kwalokho zingazifaka ngobuchwepheshe kusizindalwazi sakwaNa'ibali (www.nalibali.org) okukanye zizifake kumakhasi e-Facebook. Phinda futhi uzikhuthaze ukuthi zabelane ngolwazi emakhasini azo e-Facebook mayelana nezincwadi ezizithokozele ukuzifunda. Ngale ndlela, zizothola izimpendulo kubangani bazo mayelana nezindaba zazo kanye nezinto ezizithokozelayo ukuzifunda – lokhu kungakhuthaza izingane eziningi ukuthi zenze okufanayo!
- **Ngikwenza kanjani ukuthi ngihlale ngiphokophelele phambili?**
Bheka izinguquko ezincane, ezinokuya phambili ezenzeka endaweni okuyo. Qaphela inqubekelaphambili yezingane ekufundeni nasekubhaleni, kanye nasekuxoxeni izindaba. Futhi, hlanganyela kuzinkundlakucobelelana uma ukwazi, ubuye ufune ukwesekelwa kwamanye amalungu omphakathi.
Uma ngabe uzizwa unesizungu noma udikibele, khumbula ukuthi uNa'ibali kanye namanye ama-FUNda Leaders ungawathola eduze ngokuchofaza nje. Zakhele ikhosombana elinemininingwane yakho njenge-FUNda Leader kumobhisayithi kaNa'ibali (www.nalibali.mobi). Vele uchofoze lapho kuthi khona "Register" ukuxhumana ngqo noNa'ibali namanye ama-FUNda Leaders.
Sindawonye, singakhuthazana sibuye sisekelane!

Drive your
imagination



The leopard, the otter and the mouse



Retold by Wendy Hartmann ★ Illustrations by Mieke van der Merwe

Once, a very long time ago, all the animals were thin. This was because there was not enough food to eat.

But Otter, his wife and all his children were quite fat. They didn't seem to be hungry at all. You see, Otter was very, very clever. He had found a shallow lake full of fish, but he told no one. Every morning he went to the lake and brought back just enough food for himself and his family.

Leopard was thin and hungry. He was always looking for something to eat. One day, he saw Otter and noticed how fat he was.

"Mmmm," said Leopard. "What is going on here? I think I should watch this otter."

So, the next morning he hid himself in the long grass near Otter's house and waited. At last Otter came along. He walked quite slowly, carrying a basket which seemed to be very heavy. Leopard sprang out of the long grass.

"WHAT have you got in that basket?" Leopard shouted.



"Oh! Ummm ... firewood! I'm carrying firewood back to my home," said Otter. But he had forgotten that Leopard had a very good nose that could smell EVERYTHING.

"Oh no," growled Leopard, "I can smell fish and I am going to eat it all."

Otter knew he was too slow to get away from Leopard, who was a very fast runner. But Otter was VERY clever.

"Okay," said Otter. "Let's sit down under this shady tree." They sat down and Otter suggested, "Why don't you make a fire while I go to my house to fetch some salt, pepper and oil, then we can have a delicious meal together."

"Good idea," said Leopard jumping up to search for dry wood for the fire.

So, Otter went off to his house. Soon he was back with the salt, pepper and oil. He also brought a long piece of strong rope. He put everything on the ground, and began frying the fish.

"Leopard," he said, "while we are waiting for the fish to cook, let's play a game. We'll use this rope. We'll tie each other to the tree. You may tie me up first. When I say, 'LOOSE', you must tighten the rope. When I say, 'TIGHT', you must loosen the rope."

Now, that was the wrong way round. Everyone knows that tight means tight and loose means loose. But Leopard was hungry. He thought the game would make the time pass more quickly until the fish was cooked.

"Good idea," Leopard said.

Otter stood with his back to the tree. "Okay, ready, LOOSE!"

Leopard jumped up and tied Otter to the tree. After a while Otter shouted, "TIGHT!" and Leopard unfastened the rope to set Otter free.

"Now, Leopard, it is your turn," said Otter.

Leopard sat with his back against the tree and called out, "LOOSE!"

Otter quickly tied Leopard tightly to the tree.

After a little while, Leopard shouted, "OKAY, TIGHT!" But instead of playing the game the way he had explained it, Otter tightened the rope around Leopard. He tied it so tightly that Leopard could not get free.

"Come on!" shouted Leopard. "I'm tired of this game now."

Otter just laughed. He sat down at the fireside and ate his meal. When he had finished, he packed up the rest of the fish for his family, and went home.

Leopard roared and roared and roared. "HEEEELPPPP!!!" For the rest of the day and the whole of that night, Leopard called out for someone to help him. No one came.

Now, luckily for Leopard that is not the end of this story. In the morning, he roared again, "HELP! HEEELPPPP!!!"

This time, Mouse came by and saw Leopard.

"What are you doing there, tied up to that tree?" asked Mouse.

"I was playing a game of loose and tight with Otter and he just left me here to starve," said Leopard. "Please, please set me free. You have such sharp teeth and you could nibble through the rope quickly."

Mouse felt sorry for Leopard, but he knew that if he let Leopard go, he would be eaten. "I'm not sure," Mouse said.

"Please," begged Leopard. "I've been here for a day and a night. I'm so thirsty and hungry."



Poor Mouse. He was kind-hearted, but very silly. He started to nibble the rope. He nibbled through a few strands and waited. Nothing happened. Leopard did not move. Mouse then nibbled through all the strands, one after the other, until at last Leopard was free.

"WRAAAAAA!" roared Leopard. Instead of being thankful, he tried to grab Mouse. "WRAAAA!" he roared again as he struck out with his big paw.

Poor Mouse squeaked and dived for a nearby hole. He was quick, but not quite quick enough. Leopard's sharp claws hit his back just before he escaped into the hole.

Ever since then, otters and leopards do not talk to each other. Mice do not talk to leopards either. And mice will also not talk to otters because they blame the otters for starting the trouble.

And ever since that day, the poor, poor mouse has stripes on its fur. And everyone knows that those are the scratches once made by the leopard's claws.



Drive your
imagination

Ingwe, umthini negundane

Ixoxwa kabusha nguWendy Hartmann ★ Imidwebo nguMieke van der Merwe

Ikhona
lendaba

Kudala kakhulu, zonke izilwane zazondile. Lokhu kwakubangelwa wukuthi kwakungekho ukudla okwanele ezingakudla.

Kodwa uMthini, umkakhe kanye nezingane zabo zonke babekhuluphele impela. Babengabukeki neze belambile. Phela uMthini wayehlakaniphe kakhulu. Wayethole ichibi elingajulile eligcwele izinhlanzi, kodwa akazange atshele muntu. Njalo ekuseni wayehamba aye echibini bese ebuya nokudla okwanele yena kanye nomndeni wakhe.

UNgwe wayondile futhi elambile. Wayelokhu ecinga okuthile angakudla. Ngolunye usuku, wabona uMthini waqaphela ukuthi ukhuluphele kangakanani.

“Mmmm,” kusho uNgwe. “Kwenzekani lapha? Ngicabanga ukuthi kufanele ngiwubheke lo mthini.”

Ngakho, ngakusasa ekuseni wacasha otshanini obude eduze komuzi kaMthini walinda. Waze weza uMthini. Wayehamba kancane, eqiqinga nobhasikidi owawubonakala sengathi uyasinda kakhulu. UNgwe wagxuma waphuma emenweni.

“Uphethe INI kulowo bhasikidi?” kumemeza uNgwe.



“O! Mmmm ... izinkuni! Ngiphethe izinkuni zokubasa ngizilethe ekhaya,” kusho uMthini. Kodwa wayesekhohliwe ukuthi uNgwe unekhala elibukhali elikwazi ukuhogela YONKE INTO.

“Hhayi khona,” kubhodla uNgwe, “Ngizwa kunuka izinhlanzi futhi ngizozidla zonke.”

UMthini wabe azi kahle ukuthi uyisinokwe esikhulu ukuthi angakwazi ukubalekela uNgwe, ogijima ashiye isithunzi. Kodwa uMthini wayehlakaniphe KABI.

“Kulungile-ke,” kusho uMthini. “Masihlale phansi ngaphansi kwalesi sihlahla esinomthunzi.” Bahlala phansi uMthini waphakamisa ukuthi, “Kungani ungabasi umlilo ngenkathi ngiya kwami ngiyolanda itswayi, upelepele namafutha, emva kwalokho sizitike ngesidlo esimnandi sindawonye.”

“Yisu elihle lelo,” kwasho uNgwe egxuma eyocinga izinkuni ezomile angazibasa.

Nebala, wahamba uMthini waya emzini wakhe. Emva kwesikhashana wabuya netswayi, upelepele namafutha. Wayephethe nentambo ende eqinile. Wabeka konke phansi, wase eqala ukuthosa izinhlanzi.

“We Ngwe,” kusho yona, “ngenkathi sisalinde izinhlanzi ukuthi zivuthwe, masidlale umdlalo. Sizosebenzisa le ntambo. Sizobophelana esihlahleni. Ungangibopha kuqala. Uma ngithi, ‘XEGISA’, kufanele uqinise intambo kakhulu. Uma ngithi, ‘QINISA’, kumele uyixegise intambo.”

Kodwa-ke kwakuphambene lokhu. Sonke siyazi ukuthi u-‘qinisa’ usho ukuqinisa kanti ‘ukuxegisa’ kusho ukuxegisa. Kodwa uNgwe wayelambile ngempela. Wayecabanga ukuthi umdlalo uzokwenza isikhathi sihambe ngokushesha zize zivuthwe izinhlanzi.

“Yisu elihle lelo,” kusho uNgwe.

UMthini wama waqhiyama ngomhlane esihlahleni. “Kulungile-ke, yima ngomumo, XEGISA!”

UNgwe wagxuma waya phezulu wabophela uMthini wamuthi ngqi esihlahleni. Ngemuva kwesikhashana uMthini wamemeza wathi, “QINISA!” noNgwe wayesekhumula intambo ekhulula uMthini.

“Manje, sekuyithuba lakho, Ngwe,” kusho uMthini.

UNgwe waqhiyama ngomhlane esihlahleni wayesethi, “XEGISA!”

Ngokushesha uMthini wabophela uNgwe wamuthi ngqi esihlahleni.

Ngemuva kwesikhashana, uNgwe wamemeza, “KULUNGILE, QINISA!” Kodwa esikhundleni sokudlala umdlalo ayekade ewuchazile, uMthini wabopha intambo yazungeza uNgwe. Wayibopha wayiqinisa ngendlela yokuthi uNgwe wayengasakwazi ukukhululeka.

“Yima bo!” kumemeza uNgwe. “Ngikhathele yilo mdlalo manje.”

UMthini wavele wahleka. Wahlala phansi eduze komlilo wabe esedla ukudla kwakhe. Uthe uma eseqedile, waqoqa izinhlanzi ezazisalele umndeni wakhe, waqonda ekhaya..

UNgwe wabhonga, wabhonga, wabhonga. “SIIIIZAAANI!!!” Usuku lonke kanye nobusuku bangalelo langa, uNgwe wamemeza ecela usizo. Akekho owaqhamukayo.

Ngenhlanhla nje kaNgwe indaba yakhe yayingaphelile. Ekuseni, waphinde wabhonga futhi, “SIZANI! SIIIIZAAANI!!!”

Kulokhu-ke, uGundane weza wabona uNgwe.

“Wenzani lapha, uboshelwe esihlahleni ngqi nje?” kubuza uGundane.

“Bengidlala umdlalo wokuxegisa nokuqinisa noMthini ovele wangishiya lapha ngibulawa yindlala,” kusho uNgwe. “Ngicela ungikhulule, ngiyacela. Unamazinyo abukhali kakhulu, ungakwazi ukuququda intambo ngokushesha.”

UGundane wamdabukela uNgwe, kodwa wayazi ukuthi uma engakhulula uNgwe, wayezodliwa. “Anginasiqiniseko ngalokho,” kusho uGundane.

“Ngiyacela,” kuncenga uNgwe. “Kade ngilapha usuku lonke nobusuku bonke. Ngomile futhi ngilambile.”



UGundane bandla! Wayenenhliziyo enhle, kodwa eyisilinyana. Waqala ukuququda intambo. Waququda izindawana ezimbalwa wase ema. Akwenzekanga lutho. UNgwe akazange anyakaze. UGundane wabe eseququda zonke izingxenyan ezenza lo mkhumbi, enye ngemuva kwenye, uNgwe waze wakhululeka.

“WAAAAA!” kubhodla uNgwe. Esikhundleni sokubonga, wazama ukuxhakathisa uGundane. “WAAAA!” ebhodla futhi ngenkathi ebhudekeza ngesidladla sakhe esikhulu.

UGundane bandla wanswininiza wapulukutshela wangena emgodini oseduze. Wayeshesha, kodwa akakwazanga ukushesha ngokwanele. Amazipho acijile kaNgwe amshaya emhlanu uGundane ngaphambi nje kokuthi angene emgodini.

Ukusukela ngalelo langa, imithini nezingwe akukhulumisani. Namagundane awakhulumi nezingwe. Futhi amagundane awakhulumi nemithini ngoba agxeka yona ngokudala inkathazo.

Futhi ukusukela ngalelo langa, igundane elizihluphekelayo bandla linemithende eboyeni obusemhlane walo. Kanti wonke umuntu uyazi ukuthi leyo mithende iyimihuzuko eyenziwa yizidladla zengwe ngelinye ilanga.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kukaNal'ibali



1.

Can you imagine a chicken and a fish getting married? What do you think would be served at their wedding feast? Write this special menu and then decorate it. Remember, a menu is a list of the food and drinks that are served at a restaurant or at a special event, like a wedding.

Ungake ucabange nje inkukhu nenhlanzi kushada? Ucabanga ukuthi kudla kuni okungabe kudliwa edilini lomshado? Bhala lolu hlu lokudla olukhethekile bese uluhlobisa. Khumbula, uhlu lokudla yizinhlobo zokudla neziphuzo okunikezelwa ngakho ezindaweni zokudla noma emcimbini okhethekile, njengomshado.

CHICKEN & FISH



Food / Ukudla

Drinks / Iziphuzo

INKUKHU NENHLANZI

2.

Use your imagination to tell the rest of this story.

Long, long ago, Giraffe was best friends with Eagle.

One morning, when the two friends were at the waterhole, Eagle asked Giraffe, "What do you think is at the bottom of this waterhole?"

Giraffe thought for a while. "Well, Hippo says there's a spirit down there, but I've never seen her," she replied.

"I dare you to jump in and find out!" said Eagle. Now, Giraffe was very frightened of the water, but she didn't want her friend to know that ...

Sebenzisa ukuzicabangela kwakho ukuxoxa ingxenye esele yendaba.

Emandulo, kudaladala, uNdlulamithi wayengumngani omkhulu kaKhozi.

Ngolunye usuku ekuseni, ngesikhathi laba bangani ababili besesiphethwini, uKhozi wabuza uNdlulamithi, "Ucabanga ukuthi kukhona ini ekujuleni kwalesi siphethu?"

UNdlulamithi wacabanga isikhathi eside. "E, uMvubu uthi kukhona umoya othile laphaya phansi, kodwa mina angikaze ngiwubone," ephendula.

"Ngikuphonsela inselelo yokuthi uke ugxumele phakathi uthole ukuthi kunani!" kwasho uKhozi. Manje-ke uNdlulamithi wayewesaba kabi amanzi, kodwa wayengafuni ukuthi umngani wakhe akwazi lokho ...



Need copies of this supplement in other languages or copies of older supplements? Download them for free at:
www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive.



Visit us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sivakashele ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Ngabe uyawadinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi noma izithasiselo ezindala? Zikhiphele wona mahhala kusizindalwazi:
www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW
Sunday
World



Drive your
imagination